

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi angu-7. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
 3. Phendula zonke IZIQEPHU.
 4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni ungaziguquli.
 5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
 6. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
 7. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.
-

ISIQEPHU A KUNGASA NGIFILE – E. M. D. SIBIYA**Lesi siqephu sinoMbuzo 1, uMbuzo 2, uMbuzo 3, noMbuzo 4.**

- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
 - **ulwazi lwendaba**
 - **ukwethula umbono wakho uwusekele kahle**
 - **ukubhala inani lamagama**
 - **isipelingi esihle**
 - **ulimi oluhle**

UMBUZO 1

1.1 Funda isigaba esicashunwe endabeni bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Bekulukhuni ukusho mntanami. Kodwa-ke kuthiwa akukho okufihliwe okungenakuvela. Iqiniso linjengoba elisho uyihlomncane. Ngibonile ukuthi kufanele ngigcine ngiqunge isibindi ngayisho le ndaba. AbakwaMhlungu sebengabona ukuthi benzenjani ngami. Noma bangangibulala akunani, noma bangangixosha kufanele. Ngonile. Uze ungixolele mntanami. Ngizamile ukunehlukanisa bantabami kodwa uthando lwenu luqine njalo."

[Ikhasi 83 – 4]

- 1.1.1 Abantu abakhulumayo bakuphi? (1)
- 1.1.2 Yini embi uMaMemela ayenzile kuMhlungu nakuSenzo? Chaza kahle. (2)
- 1.1.3 Ngubani lo 'yihlomncane' uMaMemela akhuluma ngaye? (1)
- 1.1.4 Uthando lukaSenzo noNokuthula lunamandla. Sekela ngamaphuzu amabili. (2)

1.2 Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-80 kuya kwangama-90**.

Kuzoba nzima ukuthi abantu bazwelane noMaMemela futhi bamxolele emva kwalokhu ngoba wonile kakhulu. Uyavumelana noma uyaphikisana nalokhu?

Sekela impendulo yakho ubhekise kulaba balingiswa:

- ubabomncane (sekela ngamaphuzu amabili) (2)
- uNokuthula (sekela ngamaphuzu amathathu) (3)
- uMaHadebe (sekela ngamaphuzu amabili) (2)

Ulimi nohlelo (2)

[15]

UMBUZO 2

2.1 Funda isigaba esicashunwe endabeni bese uphendula imibuzo elandelayo.

Bhala isigaba esingamagama asukela kwangama-60 kuya kwangama-70.

".... Ngizobonisana nomfowethu. Kodwa mina ngokubona kwami umshado ungaqhubeka. Uma kukhona enye inkinga sesiyoyixazulula uma sekwedlulise umcimbi."

[Ikhasi 86]

Wena unguMhlungu, uyavuma ukuthi umshado uqhubeke.

Bhala izinto **eziyisithupha** ukusekela isinqumo sakho.

Qaphela: Sekela impendulo yakho ngokusendabeni. (6)

2.2 Izenzo zalaba balingiswa endabeni zihambisana kanjani nesizinda sendaba: uMhlungu; uMaMemela; uSenzo?

Bhekisa kuloku okulandelayo:

- Indawo (3)
- Isimo senhlalo (3)
- Isikhathi (3)

Bhala iphuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye (*each*) ngaphansi kwezihlokwana zonke zesizinda.

[15]

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Wena unguSenzo ukhuluma noMhlungu emva komshado wakho noNokuthula.

Amamaki:

Ingqikithi: Okususelwe endabeni = 4
Okwakho = 2

(6)

Isakhiwo

(2)

Ulimi nohlelo

(2)

[10]

UMBUZO 4

Bhala impendulo ezoba ngamagama **ayi-180 kuya kwayi-250**.



[Umthombo: <<http://bestmandutiesguide.com>>]

Wena unguZitha, ucelwe nguSenzo ukuba ukhulume emshadweni wabo noNokuthula.

Bhala amazwi ozowasho emshadweni ubhekise kokulandelayo:

- Ukubonga abantu abenze ukuthi lo mshado ube yimpumelelo (abalingiswa abase-ndabeni). (2)
- Ngamaphuzu **amathathu** chaza ngobudlelwano benu nokuthi nazana kanjani noSenzo. (3)
- Chaza ukuthi ucabanga ukuthi uSenzo uzoba ngumyeni onjani. Nika **okuthathu**. (3)
- Yisho **okuthathu** okwaziyo ngoNokuthula. (3)
- Nika amaphuzu **amane** ukuthi ucabanga ukuthi bazohlalisana kanjani emshadweni wabo. Sekela, uphawule ngobudlelwano bukaSenzo noNokuthula. (4)

Ulimi nohlelo (4)

Isakhiwo (1)

[20]

Amamaki angama-60

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

Lesi siqephu sinombuzo 5 nombuzo 6.

- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
 - Isakhiwo esifanele
 - Ithoni neregista efanele
 - Ulimi oluhle
 - Isipelingi esihle
 - Ingqikithi enhle
 - Ikhono lokuziqambela
 - Ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5


Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2.

Bhala **incwadi** engamagama **angama-180 kuya ku-200**.

5.1 Esikoleni sakho iziqhwaga (*bullies*) zihlukumeza abafundi nothisha.

Bhalela uthishanhloko incwadi engafaka okulandelayo nokunye:

- izinto ezimbi ezenziwa yiziqhwaga
- ukuhlukumeza kwenzeka nini, kuphi, kanjani
- umthelela wezenzo ezimbi zeziqhwaga esikoleni
- othisha nabazali bangenzani ukusiza



[Umthombo: <<https://www.google.co.za>>]

Amamaki:

Ingqikithi	(13)
Isakhiwo	(11)
Ulimi nohlelo	(6)
	[30]


NOMA

- 5.2 Wena ungumfundi unengcindezi (*stress*). Le ngcindezi idalwa yizinto eziningi: ngothisha, abazali, abangani, abaqeqeshi bemidlalo nokunye okuningi.

Bhala **incwadi** eya **kumhleli wephephandaba** *Isolezwe* ukhulume ngengcindezi yabafundi ezikoleni.

Incwadi **ingafaka** okulandelayo nokunye:

- chaza ukuthi kungani abafundi benengcindezi
- umthelela wengcindezi ezimpilweni zabo
- nika izixazululo



[Umthombo: <<https://www.google.co.za>>]

Amamaki:

Ingqikithi (13)

Isakhiwo (11)

Ulimi nohlelo (6)

[30]

UMBUZO 6

Phendula uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2.

Bhala impendulo ezoba ngamagama **ayi-120 kuya kwayi-150**.

- 6.1 Emva komcimbi we*Matric Dance* abafundi bebanga-12 bacele wena ukuthi uthumelele **i-imeyili** yokubonga bonke abekomidi le*Matric Dance/Matric Ball* abenze lo mcimbi waba yimpumelelo.

Bhala i-imeyili ezofaka okulandelayo **nokunye**:

- Abantu obabongayo
- Nika izizathu ukuthi nibongani ngabo
- Izinto abazenzile enizibongayo
- Uma nibaphe isipho chaza ukuthi kungani nikhethe lesi sipho

Amamaki:

Ingqikithi	(6)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
	[10]

NOMA

- 6.2 Wena uyinduna yabafundi, bhala **imemo** ozoyithumelela abanye abaphathi babafundi (*class reps/heads of house*) ukuze bakhumbuze abafundi ngemithetho okumele bayihloniphe emcimbini we-*prize giving*.

Bhala imemo ezofaka okulandelayo **nokunye**:

- Ukugqoka iyunifomu nokubukeka kwabo
- Ukuziphatha okufanele
- Ukuhlonipha izikhathi

Amamaki:

Ingqikithi	(6)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
	[10]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke: 100